



Cambridge International Examinations
Cambridge International General Certificate of Secondary Education

CANDIDATE
NAME

--

CENTRE
NUMBER

--	--	--	--	--

CANDIDATE
NUMBER

--	--	--	--



ISIZULU AS A SECOND LANGUAGE

0531/01

Paper 1 Reading and Writing

October/November 2014

2 hours

Candidates answer on the Question Paper.

Additional Materials: No additional materials are required.

READ THESE INSTRUCTIONS FIRST

Write your Centre number, candidate number and name on all the work you hand in.

Write in dark blue or black pen.

Do **not** use staples, paper clips, highlighters, glue or correction fluid.

DO **NOT** WRITE IN ANY BARCODES.

Answer **all** questions.

At the end of the examination, fasten all your work securely together.

The number of marks is given in brackets [] at the end of each question or part question.

This document consists of **18** printed pages and **2** blank pages.

Umsebenzi 1

Funda lesi sikhangiso bese uphendula imibuzo ezolandela ekhasini elilandelayo.

Bed King

Uma ubheka isikhathi osichitha ulele, umbhede ungenye yezinto zasendlini ezibalulekile ongazithenga. Umbhede ofanele wenza umsebenzi omkhulu wokuthi ukwazi ukuphumula, uvuke uzizwa unomdlandla futhi neqolo lakho ligcineke liphila.

Ukuthenga umbhede ofanele akulula, kuthatha isikhathi nokuzinikela. KwaBed King sinezinhlombonhlobo zemibhede ongakhetha kuzo ezihambisana nephakethe lakho. Imibhede yethu intofontofo futhi iyikhwalthi enhle kakhulu. Imibhede yethu yenziwe ngobuchwepheshe ukuze kuthi umuntu olele eceleni kwakho angakuzwa lapho uphenduka ebusuku. Odokotela abaningi bayayincoma ukuthi iyazisiza kakhulu iziguli eziphathwa yiqolo.

UMKHIQIZO WETHU

Yonke imibhede esiyidayisayo iphuma nesethembiso seminyaka eyishumi sokuthi sizokushintshela umbhede wakho uma kwenzeka ube nenkinga singakapheli lesi sikhathi. Asikho isidingo sokulinda umbhede wakho amaviki ayisi-8 njengakwezinye izinkampani. KwaBed King uwuthola ngaleso sikhathi umbhede ngoba sinesitokwe esiningi ezitolo zethu. Ungagoduka nawo noma sikuhambisele wona. Noma yini oyidingayo, sikwenzela kube lula.

UKUNAKEKELWA NOKUGCULISEKA

Sinakekela izidingo zakho kusukela ngesikhathi ungena esitolo sethu kuze kufike lapho uthenga khona. Lapho kwenzeka ukuthi impahla oyithenge kithi ayikho esimeni esifanele sizoyilungisa noma sikunike enye.

IZINDLELA ZOKUKHOKHA EZILULA

Uyakwazi ukukhokha ukheshi noma usebenzise ikhadi lakho lasebhange bese ulikhokhela kancane kancane zinyanga zonke.

- (a) Yini eyenza umbhede ube ngenye yezinto ezisemqoka ekhaya?
.....[1]
- (b) Yini engaheha abantu abampofu nabacebile kwaBed King?
.....[1]
- (c) Imibhede yakwaBed King ibalungele ngani abantu abashadile?
.....[1]
- (d) Umbhede ongalungile ungawulimaza kanjani umzimba wakho?
.....[1]
- (e) AbakwaBed King bazidlula kanjani ezinye izitolo uma sekuza ekutholeni impahla yakho ngokushesha?
.....
.....[2]
- (f) Sazi ngani ukuthi bayayithemba imibhede yabo kwaBed King?
.....[1]
- (g) Iyiphi indlela yokukhokha ongayisebenzisa uma ungenayo imali engukheshi?
.....[1]

[Amamaki: 8]

Umsebenzi 2

UZandile Ndebele ufunde lesi sikhangiso esilandelayo ephephandabeni izolo.

UZandile uyintombazane eneminyaka engamashumi amabili. Unesifiso sokuya phesheya okungenani unyaka owodwa.

Ithuba lokuya phesheya

Sidinga abantu abasha abakwaziyo ukufunda izilimi ngokushesha abangathanda ukusebenza njenge-au pair eSwitzerland okungenani isikhathi esiyizinyanga eziyi-18. Uzothola indawo yokuhlala ekhaya lomndeni ozokwamukela ukuba usebenze amahora angama-30 kuya kwangama-40 ngeviki, kufaka ukusiza endlini, ukunakekela abantwana, ukuhambisa abantwana esikoleni, ukubalanda, njalo njalo. Uzothola usuku olulodwa ngeviki okufaka nosuku lwangesonto lokuphumula nokungebeleka. Uzokhokhelwa imali engama-700 francs (kungenzeka ibe ngaphezu kwale kuncike ekutheni usebenzaphi kanye neminyaka yakho). Umqashi wakho kumele akuyise esikoleni solimi ukuze ufunde ulimi olusetshenziswayo. Umqashi wakho uzokhokhela izidingo zakho zempilo kanye nezokuphepha sonke isikhathi usahlala naye.

UZandile uneminyaka emibili eqedile esikoleni. wayesebenza ngokuzimisela esikoleni futhi waphumelela kahle ezifundweni zakhe ikakhulukazi ezolimi. Uyashesha ukufunda ulimi okungelona olwakhe. Unesipiliyoni sokugada abashana bakhe kanye ngeviki; ngeMpelasonto, lapho ubabekazi wakhe, uThembi Ndebele, esuke eyosebenza njengomsizi esitolo esikhulu sezimpahla kwaBulawayo.

UZandile akanayo iselula, usebenzisa elikamama wakhe uma kunesidingo. Uhlala nomama wakhe uZodwa Ndebele. Bazihlalela bobabili emgwaqeni uBurns drive enombolo 70 kuMalandela. UZodwa ungumhlengikazi esibhedlela esikhulu sakwaBulawayo. Inombolo yakhe yocingo lweselula ithi (263) 91 240 78, bese kuthi eyasemsebenzini ithi (263-9) 99 244 00.

UZandile uthole izincwadi zakhe zokushayela ngenyanga kaJanuwari kulo nyaka (2014) futhi usejwayele ukushayelela umama wakhe ayombeka emsebenzini.

Zicabange unguZandile futhi ugqwalisa leli fomu elisekhasini elilandelayo.

Au pair eSwitzerland**Imininingwane yakho**

Igama nesibongo:

Ubulili:

Iminyaka: *Amashumi amabili*Ikheli: *70 Burns Drive, Mandela, Bulawayo*

Inombolo yocingo:

Izinga lemfundo:

Izincwadi zokushayela: **yebo / cha** (susa okungafanele)

uma impendulo yakho ngenhla ingu yebo, nikeza inyanga nonyaka owathola ngazo izincwadi

zokushayela: *Januwari 2014*

Igama lo mzali:

Nikeza imininingwane ngomzali / umuntu ohlala naye:

.....

Izizathu ezenza uzibone ufanele ukuthathwa kulolu hlelo.

amakhono omsebenzi ngokwemfundo:

amakhono omsebezi ngokwesipiliyoni:

Isikhathi ongasihlala eSwitzerland:

[Amamaki: 9]

Umsebenzi 3

Funda lesi siqephu esilandelayo esikhuluma ngokukhuluma kwezingane bese wenza umsebenzi osekhasini elilandelayo.

Ngithatha leli thuba ukunibingelela nokubonga ukuba ningimeme ukuze ngikhulume nani ngokukhuluma kwezingane. Kule nkulumo yami ngizoveza izinto ongazilindela lapho ingane yakho iqala ukukhuluma kanye nendlela yokubona uma ngabe kukhona inkinga. Nonke njengabazali niwalinda ngomdlandla amazwi okuqala engane yakho, ngakho-ke niyakhathazeka uma engakafiki. Okuhle wukuthi izingane ezikhuluma 'emva kwesikhathi' zigcina zibaficile ontanga bazo.

Noma inkulumo iqala ngendlela efanayo kuzo zonke izingane, izinga lokushesha lihlukile. Izingane kufanele zikwazi ukusho igama elilodwa uma sezinonyaka, zihlanganise amagama amabili uma zinezinyanga ezingu-18 ukuya eminyakeni emibili, zisho amathathu nemisho ngaphambi kokuba neminyaka emithathu.

Ukuphuza ukukhuluma kudalwa ukukhubazeka emlonyeni, njengezinkinga zolimi noma zolwanga (palate). Ulimi kungenzeka nje luphazamiseke, lungakwazi ukunyakaza kahle ukuze amagama aphimiseke. Abafana bavame ukukhuluma kamuva kunamantombazane ngezinyanga eziyi-16. Abafana bazi amagama angama-30 kuthi amantombazane azi angama-50. Okunye izingane ezizalwe ngaphambi kwesikhathi zivame ukuthatha isikhathi esicishe sibe side ukwenza izinto ezenziwa abanye abantwana abalingana nabo. Lokhu kuvame ukuthi kuphele lapho abantwana sebefinyelele eminyakeni emibili.

Odokotela babantwana bathi uma uhlola ukukhuluma komntwana ozalwe ngaphambi kwesikhathi, kufanele uqale ukubala ngosuku ingane eyayilindeleke ukuba izalwe ngalo. Ingane ingabukeka sengathi ithatha kude kanti ikhula kahle nje. Amaphesenti angama-50 abantwana abangamawele ayaphuza ukukhuluma. Ukuzalwa phambi kwesikhathi, ukuzalwa nesisindo esincane nokuphuza imithi kungaba nesandla ekutheni ingane ithathe isikhathi eside ngaphambi kokuba iqale ukukhuluma.

Sengivala, nazi izeluleko engithanda ukunishiya nazo. Kubalulekile ukuthi uqale ukukhuluma nengane yakho ngisho isanda kuzalwa ngoba iyazuza ngokuzwa amagama. Kodwa qikelela ukuthi awuyiphooqi ingane ukuba ikhulume kungakabi yisikhathi. Yifundele izincwadi, kodwa uma ubona ukuthi iphelelwa umdlandla yixoxele indaba ngezithombe okungenani. Kuhle ukuyijwayeza amagama amaningi ingane yakho, njegokuthi uyitshela into oyenzayo uma ulokhu uyenza. Lapho isiqala ukukhuluma ingane, kubalulekile ukuthi uyiphendule uma ikukhulumisa futhi nawe uyibuze imibuzo eminingi. Qaphela ukuthi ukhuluma ngendlela efanele ukuze ifunde kulokho.

Uzobhala inkulumombiko ngenkulumo obuyihambele ebiphathelene nokukhuluma kwezingane. Ukhethe ukusebenzisa ulwazi oluthole kulesi sikhulumi.

Ukuze ukwazi ukuthi uhlele kahle umbiko wakho, yenza amanothi amafishane ngaphansi kwezihloko ezilandelayo. Usukhonjisiwe ukuthi uphendule kanjani esihlokweni sokuqala.

Impendulo yokuqala inikeziwe njengesibonelo.

Ngokufanele izingane kumele ziqale kanjani ukukhuluma?

- Ngokusho igama elilodwa lapho sezinonyaka owodwa.....
- [1]
- [1]

Umehluko phakathi kwabantwana besilisa nabesifazane:

- [1]
- [1]

Izeluleko ezinganikezwa abazali ukusiza izingane zifunde ukukhuluma:

- [1]
- [1]
- [1]
- [1]

[Amamaki: 8]

Umsebenzi 4

Sebenzisa inkulumo engenhla ukubhala ngokufingqiwe uveze izinto ezingenza izingane ziphuze ukuqala ukukhuluma.

Umbhalo wakho ofingqiwe kumele uveze amaphuzu asemqoka kuphela futhi ube namagama angeqile kwangama-80.

Ungawasebenzisa amanothi ozenzele wona kumsebenzi 3.

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

[Amamaki: 5]

PLEASE TURN OVER FOR UMSEBENZI 5

Umsebenzi 6

Funda le ndaba elandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

Idolobha laseRustenburg laziwa kakhulu ngezimayini lapho kumbiwa khona igolide. Umcabango wokusebenza ngaphansi komhlaba wawungangigculisi neze. Angiyena futhi umuntu othanda ukuhlala isikhathi eside endaweni evalelekile. Kusukela ngiqeda isikole, iphupho lami kwakungukuba nebhizinisi elizimele. Ngaqala ngokudayisa izinto ezincane ezifana noswidi nezithelo elokishini langakithi lase Mokgalane elisondelene kakhulu nedolobha laseRustenburg. Ekhaya babecabanga ukuthi ngidlala ngesikhathi, ngisawakhumbula amazwi kamama mhla ethi, “Khumbulani! kumele nje uyofuna umsebenzi wangempela emayini.” Noma kunjalo ngaphikelela ngoba ngangifuna okukhulu kunalokhu ngempilo yami.

Kwathi ngelinye ilanga ngonyaka ka 2009 ngizihlalele ngilalele umsakazo kwadlala uhlelo olwaluzoguqula impilo yami. Kwakukhuluma umphathi nomsunguli wenhlangano eyaziwa ngokuthi *Ikusasa Lethu Foundation*, umnumzane Khanya Mkhwanazi. Umnumzane Mkhwanazi wayebiza bonke abantu abafuna usizo kwezamabhizinisi ukuze babe yingxenywe yohlelo lwabo lokubaqeqesha futhi babaxhumanise nosomabhizinisi asebenesipiliyoni kulo mkhakha. Ngisakhumbula kahle ukuthi kwakunento engangiyizwa ngaphakathi ingitshela ukuthi kumele ngizame nami noma umsebenzi wami ngangingawuboni ungafaniswa nebhizinisi langempela. Noma kunjalo, leli kwaku yilona thuba engangililindile futhi ngilidinga.

Lapho sengisifakile isicelo ngangihlala njalo ngibheka iposi ngilindele ukuthola impendulo evela kwabase *Ikusasa Lethu Foundation*. Khona kwakukhona kakhulu ukungabaza ngoba ngibona ukuthi angizoba nakho konke abakufunayo ukuze ngibe yingxenywe yalolu hlelo. Ngajabula kakhulu lapho ngithola ukuthi lolu hlelo lwabo aludingi nanokuthi ube nesipiliyoni esikhulu ebhizinisini ukuze bakusize. Akuphelanga isikhathi esiningi ngabizwa ngenziswa izivivinyo ezithize ngabe sengibizwa ukuba ngiye eGoli. Lapho ngafika ngaxhunyaniswa nosomabhizinisi asebeneminyaka eminingi benza lo msebenzi. Ngathola ukufunda nokukhula kakhulu ekuqondeni ngokuba nebhizinisi eliphumelelayo. Uyazi, ngangingakhulwa ukuthi kwakuyimi lo owayesekwazi ukuzitholela imali yokuqala ibhizinisi ezikhungweni zezimali eziphakeme. Phela ngangingakaze ngizicabange nginokuzithemba okungaka. Kuyasho ukuthi ngempela izifundo engazithola zokungithuthukisa ukuba ngibe umuntu ongcono zazinomvuzo omkhulu.

Kwangisiza konke engafundiswa khona, kodwa kakhulu kunakho konke, ngabona ukuthi ukuqala ibhizinisi kumele kube yinto onayo ngaphakathi. Akumele ulinde ukuthi omunye umuntu uzokwenzela, inqobo nje uma usunikeziwe amathuluzi nolwazi usukulungele ukuvuka uzenzele. Umnumzane Mkhwanazi wangisiza ngawabona amakhono enginawo futhi ngakwazi ukuwasebenzisa ngendlela efanele ibhizinisi lami. Kwavela lapho ukuthi nginekhono lokusebenza ngilungise izingadi. Lokhu kwazala ibhizinisi lami lokuqala langempela lokwenza izingadi namagceke.

Sekuphele iminyaka emihlanu ngizisebenza kanti futhi ngisanobudlelwane obuhle nomnumzane Mkhwanazi. Enye yezinto engazinqumela zona ukuthi minyaka yonke ngithole ithuba lokuhlala naye phansi sikhulume ngezindlela ezihlakaniphile zokuthuthukisa ibhizinisi lami kanye nokuthola amasu azongisiza ukuba ngiqhubeke ngihlale ngiphambili kulo msebenzi engikuwo. Ngikhuluma nje ngisezinhlalweni zokuqala omunye umsebenzi wokudayisa ukudla kwasemini kubantu abasebenza ezimayini. Ubani owayazi ukuthi ngizogcina nginento engihlanganise nale ndawo. Okumnandi kakhulu kodwa ukuthi nasekhaya bayangiseka kukho konke engikwenzayo manje.

Ngingabakhuthaza bonke nabanye abantu abanezifiso kanye namaphupho okuzisebenza ukuba bangawayeki amathuba avelayo okufunda kanye noxhumana nosomabhizinisi abakhulile kanye nezinkampani ezisisa labo abasafufusa.

(a) Yini eyayizomhlupha ngokusebenza emayini uKhumbulani?

.....
.....[1]

(b) Umndeni kaKhumbulani wawuzizwa kanjani ngomsebenzi ayekhethe ukuwenza ekuqaleni? Kungani?

.....
.....
.....[2]

(c) UKhumbulani wayazi kanjani le nhlangotho?

.....
.....[1]

(d) Yini uKhumbulani ayecabanga ukuthi ingamvimba ukuba abe yingxenye yohlelo lweKusasa Lethu?

.....
.....[1]

(e) Chaza ukuthi uKhumbulani wafundiswa kanjani ukuba nebhizinisi eliphumelelayo?

.....
.....[1]

(f) Kwamsiza kanjani ukuzethemba kwakhe uKhumbulani ekuqaleni inkampani?

.....
.....[1]

(g) Uzikhulisa kanjani njengosomabhizinisi uKhumbulani?

.....
.....[1]

(h) Yini esitshelayo endabeni ukuthi uKhumbulani usazimisele ngokuqhubekela phambili?

.....
.....[1]

(i) Ishintshe kanjani imizwa yombhali ngezimayini?

.....
.....[1]

[Amamaki: 10]

Umsebenzi 7

Uthishomkhulu wesikole sakho ufuna ukuthi abafundi bonke beze esikoleni ebusuku ukuzofunda nokwenza umsebenzi wesikole. Ucele ikomidi elimele abafundi ukuba lihlngane lixoxe ngalesi siphakamiso bese lethula kuye ngalokho elivumelene ngakho.

Emhlanganweni, kuvele imibono ehlukene ngalolu daba kanye nale elandeyo:

- Lokhu kusho ukuthi kuzofanele sihanjiswe siphinde silandwe ngabazali kabili ngosuku.
- Lokhu kuzosiza ukuthi siyeke ukugcwala emigwaqeni singazi ukuthi senzani ngesikhathi sethu ntambama.
- Sizophepha nje kodwa uma sesibuyela emakhaya ebusuku?
- Lokhu kuzosisiza ezifundweni zethu kuphinde kunyuse nezinga lemiphumela esikoleni.
- Abazali bakhathazekile ngokuthi lokhu kunganyusa imali yesikole. Kumanje abanye bakuthola kunzima ukukhokha imali yesikole.
- Kuzoba ngcono uma sizogadwa ngothisha ngoba siyaludinga nosizo lwabo lapho senza umsebenzi wesikole.

Wena ucelwe ikomidi elimele abafundi besikole ukuba ulimele. Bhala umbiko ozowethula kuthishomkhulu lapho uveza yonke imibono kanye neyakho.

Imibono engenhla ingakunika amasu okwenza lo msebenzi kodwa uvumelekile ukusebenzisa eyakho imibono.

Umbiko wakho kumele ube ngamagama angama-**200** kuya kwangama-**250** ubude.

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

A series of 25 horizontal dotted lines for writing.

.....
.....
.....
.....
.....
.....
.....
.....
.....
.....
.....
.....
.....
.....
.....
.....
.....
.....
.....
.....
.....
.....
.....
.....
.....
.....
.....
.....
.....
.....
.....
.....
.....
.....
.....
.....
.....
.....
.....
.....
.....
.....
.....
.....
.....
.....
.....
.....
.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

[Amamaki: 15]

Copyright Acknowledgements:

Umsebenzi 3 © Bona Magazine; p. 90; May 2012; Caxton Publishing.

Permission to reproduce items where third-party owned material protected by copyright is included has been sought and cleared where possible. Every reasonable effort has been made by the publisher (UCLES) to trace copyright holders, but if any items requiring clearance have unwittingly been included, the publisher will be pleased to make amends at the earliest possible opportunity.

Cambridge International Examinations is part of the Cambridge Assessment Group. Cambridge Assessment is the brand name of University of Cambridge Local Examinations Syndicate (UCLES), which is itself a department of the University of Cambridge.